

Speech KZN Health MEC, Neliswa Nkonyeni on the
occasion of the Men's March in partnership against AIDS
and the opening of the ARV site and launch of Step Down
Facility at Charles James Hospital
04 October 08

Programme Director

Rev Mncube -- Thank you for the uplifting Prayer

Inkosi Makhanya –siyabonga Ndabezitha ukusamukela

eThekwini Mayor –Baba Obed Mlaba

Amakhansela onke akhona

Izinduna zeNkosi

eThekwini Health District Manager Mrs Shezi

Hospital Manager and all committed Health Care

Professionals

Amadoda angempela angamalunga eMIPAA

Abagqugquzeleli bempilo egcono ngaphansi kwe NAPWA

Malunga omphakathi ahloniphekile

Masibongeni u Mr Nkomo, uMphathi wesibhedlela

ngokuqqugquzelela lolusuku ukuthi lwenzeke njengaloku

besingasalali ethi masize kulendawo yeNkosi sizobona

imisebenzi emihle eqhubekayo.

U Mr Nkomo uthi masizobona ukuthi usesebenze kanjani emva kokuthi zonke izakhiwo zakwa SANTA sezithathwe uMnyango wezeMpilo. Kulesikhungo kumanje kunama **WARDS** ayisikhombisa kanye nemibhede engu **180** enakekela labo abaphethwe isifo sofuba TB, kuphinde kube khona imibhede engamashumi amane **40** esetshenziselwa i Step – down facility.

Masishayele u Nkomo kanye neManagement yakhe ihlombe ngokuphinde bavule nalezinhlelo ezilandelayo:

- Health education for TB patients and their families
- TB, HIV and AIDS campaigns for the community and schools
- VCT services for TB patients, staff and community
- Clinical Management of HIV, AIDS, STI's and TB
- Anti-Retroviral treatment is also offered on site
- Laboratory for screening of sputum servicing 22 local clinics.

Kuyasijabulisa kakhulu ukuthi namhlanje sibe kulendawo ngoba seloku kwathi nhlo asikaze sithole izikhalazo ngempatho enikezwa amalunga omphakathi, sithi abasebenzi mabaqhubeke nomsebenzi oncomekayo.

Thina singuMnyango wezeMpilo sizimisele ngakho konke ukwenza izimpilo zabantu ukuthi zibegcono nanokuthi izinsuku zawo wonke umuntu zande ezweni.

U National Minister of Health osanda kuqokwa u Ngqongqoshe **Barbara Hogan** ukubeke kwacaca ukuthi uMnyango wezeMpilo uphathelene nempilo yomuntu kuwo wonke amazanga okukhula kwakhe:

'Health is about people. It is about serving people. It is about a value system that prioritizes and protects the most vulnerable groups in our society.

Health care service delivery is about being responsive and supportive to a pregnant mother who is about to go into labour, and who is anxious about her own survival and that of her child.

Health is about ensuring that the future of the youth of our country is not blighted by the scourge of HIV and AIDS.

Health service delivery is about an elderly granny who is diabetic and hypertensive, and who is sustained largely by the chronic medication she receives from her local health facility.

Health care service delivery addresses the needs of a human being throughout the life cycle, and should therefore be humane and caring.'

Masibambisaneni singamalunga omphakathi silwisane nezifo ezisibulala isidingo singekho.

Masiphinde sibonge amadoda eqiniso angamalunga e Men in Partnership Against Aids, sibe sifaka nombuzo othi yini amanye amadoda wona angajoyini, kanti wona athini? Sibongela nomama bendawo ngokuthi ikhwelo labo selize lezwakala, njengoba nanamhlanje siyasho sithi;

AMADODA ANGAWENZA UMEHLUKU

Kuyaziwa ukuthi abesilisa yibo abalawulayo nabathatha izinqumo uma sekuyiwa ngasocansini. Kuyiqiniso futhi ukuthi abesifazane namanje basenenkinga ekuphoqeni amadoda ukuba asebenzise ama condom.

Amadoda mawavume manje ukuthi kulezizifo umhlaba obhekene nazo, **ISIKHATHI SOBUSOKA SIPHELILE.**

Masibambisane sonke sinakekele amagugu esizwe.

MAYIPHELE INDABA YO SUGAR DADDY

Ngincoma kakhulu negalelo lamalunga omphakathi asephila negciwani legculazi ngokuzinikela kwawo. Sithi uma iningi labantu bevela, kuzoba lula ukuthi silwisane nalombulalazwe ngoba ngempela kufanele isifo segculazi sisithathe njengezinye izifo ezikhona ekuhlaleni, abantu abaphathekile bangacwaswa.

Masifundisaneni ukuthi izifo zocansi STI's uma zingalashwa futhi zifihlwa, ziba nomthelela ekutheni kubelula ukuba ungenwe igciwane lengculazi.

Masitshelaneni ukuthi iningi lalezifo zihlolwa ziphinde zilashwe mahhala.

Masixwayisaneni ngokuthi akusizi ukuthi kuye abesifazane kuphela bayolashwa njengoba uma bebuyela emakhaya, loku kufa kuqala phansi, kuphinde kungene ngalendlela okwakufike ngayo.

Thina sithi izithandani mazixoxisane, ziqhubane ziye emtholampilo, hambani niyohlolwa, nithole izeluleko, niphinde nithole nokwelashwa.

KNOW YOUR STATUS

Mawahlale nathi amazwi ayizeluleko esawashiywa umama wethu u **Dr Manto Shabalala Msimang** ngenkathi ethi:

'We all need to modify our behaviours in order to be healthy and live long.

Healthy living is about adopting right behavioural practices such as healthy eating, physical activity and practicing safe sex.

We need to also stop smoking and alcohol abuse.'

Sifuna manje ukuthi iMIPAA ifundise amadoda kanye nezingane zabafana ukuthi zikhule zazi ukuthi abantu besifazane banegunya lokuthi abalifuni ucansi.

Sifuna amadoda azi ukuthi abantu besifazane banegunya nelungelo lokuzicabangela ukuthi bayabafuna yini abantwana, nanokuba bazoba bangaki futhi nokuthi bazolamana ngeminyaka emingaki.

Sifuna wonke umuntu wesilisa asho, kubonakale futhi nangezenzo ukuthi uyavumelana neziphakamiso ze MIPAA ezithi:

'WE SHALL RESPECT AND PROTECT EVERY

WOMAN AS OUR MOTHER, WIFE, DAUGHTER
AND FRIEND ‘

Forward to a Better life for all.

I thank you.